ISENGEZO A

IZINKOMBAMIGOMO ZOKUBUYEKEZA UHLELO LOMTHETHO WASENINGIZIMU AFRIKHA WAMACALA OBUGEBENGU.

1. ISINGENISO

Isinqumo sathathwa ngesikhathi se-Cabinet Lekgotla, ngoJulayi kowezi-2003 nakowezi-2004, sokuba kubuyekezwe uHlelo loMthetho waMacala oBugebengu. Le ncwadi iqukethe izinhloso ezihlongozwayo, nezinye izindaba ezihlobene nalokho kubuyekeza, ezibhalwe zaba wuhla ngokuhambisana nemibono eyenziwa ngoJulayi kowezi-2004 kwi-Cabinet Lekgotla kanjalo nemibono kaMongameli uThabo Mbeki, emhlanganweni we-JCPS womhla ziyi-12 Agasti kowezi-2004.

2. IZINHLOSO ZOKUBUYEKEZA

Izinhloso zokuBuyekeza uHlelo loMthetho waMacala oBugebengu yilezi-

- Ukukhomba izindawo ezidinga ukuphuculwa oHlelweni loMthetho waMacala oBugebengu, lapha sifaka namabhizinisi kanjalo nokumelwa ekuguqulweni kwezinto nokwenziwa kabusha kwezindaba, ngaphakathi koHlelo loMthetho waMacala oBugebengu, ezidinga ukubhekwa;
- Ukuhlinzeka uhlu lwezincomo ezingabhekwa ziphinde ziqaliswe ukusebenza wuHulumeni ukuthuthukisa uHlelo loMthetho waMacala oBugebengu olusebenza ngempumelelo, ngendlela nangokuyikho;
- Ukuthuthukisa umfanekiso oyiwo noma uhlaka lokukala nokulandela ukusebenza koHlelo loMthetho waMacala oBugebengu, lapha sibala nokuqoqa ulwazi ngendlela eyiyo okuzoveza ubuchule bezesayensi eMthethweni waMacala oBugebengu ngokuphelele; kanye
- Nokuhlinzeka ababhali benqubomgomo ngolwazi oludingekayo ukukala ukusebenza koHlelo loMthetho waMacala oBugebengu eNingizimu Afrikha esisekelweni sesayensi.

3. IZINKOMBAMIGOMO ZOKUBUYEKEZA

Ukubuyekeza kumele kwenzeke ngendlela endlalekile, edidiyelwe nebandakanya izinto eziningi kodwa engenzeka, kubheke umthelela, ukwenzeka ngempumelelo, ngendlela nangokuyikho nomnotho woHlelo loMthetho waMacala oBugebengu, ngokubheka isabelozimali, izinqubo imikhuba nemithetho ebhekele uHlelo loMthetho waMacala oBugebengu, lapha sibala nomthelela wezinqubo ezilandelwayo, isakhiwo senhlangano nemikhuba yokubusa koHlelo loMthetho waMacala oBugebengu nokudidiyela nokubambisana phakathi kwalabo ababambe iqhaza oHlelweni loMthetho waMacala oBugebengu, kanti kumele kufake lezi zindaba ezibalulekile –

- Ukubuyekezwa kwemithetho ekhona, imikhuba nezinqubo esisetshenziswa kuzo zonke izigaba zoHlelo loMthetho waMacala oBugebengu;
- Ukubuyekeza isabelozimali, abasebenzi neminye imisebenzi esetshenziswa ezinhlelweni zobulungiswa boMthetho waMacala oBugebengu, lapha sifaka neqhaza nokuzibophezela kwababambe iqhaza abaningi nobudlelwane phakathi kwabo;
- Ukubuyekeza imikhuba nezinhlelo ezihlobene nokudidiyela nokubambisana kuwo wonke umkhakha woMthetho waMacala oBugebengu, ikakhulukazi phakathi kweMinyango kahulumeni, lapha sifaka nolwazi lwezobuchwepheshe nezindlela ezihlobene nokuqoqwa kolwazi;
- Ukubuyekeza imikhuba yesimanje nenqubo ehlobene nokuphathwa kwamacala, lapha sifaka neqhaza elibanjwe wulwazi lwezobuchwepheshe oluhlobene nokuqoqwa kolwazi;
- Ukubuyekeza isicelo semikhuba nemithetho yokwethulwa kobufakazi nezinqubo zokulalelwa kwamacala obugebengu, neqhaza nomthelela wokuphothulwa kokulalelwa kwamacala obugebengu;
- Ukubuyekeza kwezondlela zokunikwa kwebheyili nokukhishwa kwezigwebo nemithetho; kanye
- Nokubuyekeza ukuminyana kwasemajele nezimbangela zalokho, lapha sifaka nomthelela wemikhuba wokunikwa ibheyili nokukhishwa

kwesigwebo nemithetho, neziboshwa ezilindele ukuthethwa kwamacala azo, nokuminyana kwamajele,

ngenhloso yokwenza lokhu –

- Ukukhomba izihibe nezinkinga ekusebenzeni kwezinhlelo ezikhona oHlelweni loMthetho waMacala oBugebengu;
- Ukukhomba izihibe nezinkinga ezihlobene nesabelozimali, abantu nezinye izinsiza oHlelweni loMthetho waMacala oBugebengu;
- Ukukhomba izihibe nezinkinga ezihlobene nokudidiyela nokusebenza ngokubambisana oHlelweni loMthetho waMacala oBugebengu, ikakhulukazi phakathi iMinyango, lapha sibala izindaba zokuqoqwa kolwazi oHlelweni loMthetho waMacala oBugebengu;
- Ukukhomba izihibe nezinkinga ezihlobene nokuphathwa kwamacala oHlelweni loMthetho waMacala oBugebengu, lapha sibala izindaba zokuqoqwa kolwazi oHlelweni lwaMacala oBugebengu;
- Ukukhomba izihibe nezinkinga ekusebenziseni umthetho wokwethulwa kobufakazi kanye nenqubo yamacala obugebengu kanjalo nohlelo lobulungiswa ekuthethweni kwamacala obugebengu;
- Ukukhomba izihibe nezinkinga ezihlobene nebheyili nezindlela ezilandelwa uma kukhishwa izigwebo ohlelweni lobulungiswa ekuthethweni kwamacala obugebengu;
- Ukukhomba izihibe nezinkinga ezihlobene neziboshwa ezilindele ukuthethwa kwamacala azo nokuminyana emajele ohlelweni lobulungiswa bamacala obugebengu,

Nokwenza izincomo kulokhu –

- Ushintsho noma izinguquko okumele zenziwe emikhubeni nasenqubweni ukuze kube nokusetshenzwa ngempumelelo nokukhokha imali elingene ekuqhutshweni kwamacala obugebengu;
- Ushintsho noma izinguquko okumele zenziwe ezihlobene nesabelozimali, abasebenzi neminye imisebenzi ukuphucula ukwenziwa ngempumelelo nangendlela kwezinhlelo zomthetho wamacala obugebengu;

- Ushintsho noma izinguquko ezihlobene nokudidiyela nokubambisana phakathi kwababambi qhaza abehlukene ukuphucula ukwenziwa ngempumelelo nangendlela kohlelo lwamacala obugebengu, lapha sibala nokusungulwa komfanekiso wokuqoqwa kolwazi ngendlela eyiyo ezoveza ngendlela enobunyoninco uHlelo loMthetho waMacala oBugebengu nomongo walo nomfanekiso oyiwo, odidiyelwe wezinhlelo zokuthola ulwazi;
- Ushintsho noma izinguquko okumele zenziwe ezihlobene nokuphathwa kwamacala ukuphucula ukwenziwa ngempumelelo nangendlela uhlelo lobulungiswa bamacala obugebengu; kanye
- Ushintsho noma izinguquko okumele zenziwe ezihlobene nezindlela nemithetho yokwethulwa kobufakazi ngendlelanqubo yamacala obugebengu, ibheyili nezindlela kanjalo nemithetho yokukhipha izigwebo, iziboshwa ezilinde ukuthethwa kwamacala azo nokuminyana emajele ukuphucula ukusebenza ngempumelelo nangendlela kohlelo lwamacala obugebengu.

4. IMIPHUMELA YOKUBUYEKEZA

Ngesikhathi kwenziwa ukubuyekeza, le miphumela elandelayo kumele ibe khona:

- Ithimba lokuBuyekeza elizodidiyela imisebenzi yeThimba loCwaningo, womabili azoba nabawamele kulabo ababambe iqhaza abahamba phambili nabaxhante kubo, laba bokugcina kumele babandakanye nabacwaningi abawaziyo umsebenzi wabo;
- Umbiko obhalwe phansi wokubuyekeza ofaka nalokhu:
    - Indlela yokuhlangabezana neminye imisebenzi;
    - Okutholakele neziphetho; kanye
    - Nezincomo;
- Ukwethulwa kombiko ofingqiwe;
- Isithangami sokucobelelana ngolwazi lapho imiphumela yokubuyekeza izokwethulwa eSishayamthethweni sikaZwelonke;

- Umfanekiso wokubheka nokuhlola ukusebenza ngempumelelo, nangendlela eyiyo, nomnotho woHlelo loMthetho waMacala oBugebengu, lapha sibala nekhadi lezibalo nendlela yenqubo yokubuyekezwa kwamakota nokonyaka koHlelo loMthetho waMacala oBugebengu, nokuqoqwa kolwazi nomfanekiso wezinhlelo zolwazi; kanye
- Uma kunesidingo, ingqungquthela yokuhlanganisa nokuxhumana nabazohlomula oHlelweni loMthetho waMacala oBugebengu, lapha sibala nabamele iminyango kahulumeni, abafundisa ezikhungweni zemfundo ephakeme kanye nomphakathi wasemadolobheni.

5. INDLELA YOKWENZA LOKHU KUBUYEKEZA

5.1 Izigaba

Ukubuyekeza kumele kwenziwe ngokwalezi zigaba:

- Ukulungiselela nesicelo semali;
- Ukuthuthukisa okubukelwayo;
- Ukubuyekeza, kanye
- Nokulethwa kombiko.

5.2 Isakhiwo

UkuBuyekeza kumele usebenzise lezi zakhiwo ezilandelayo:

- Ithimba lokubuyekeza uBulungiswa bamacala obugebengu (iThimba lokuBuyekeza); nethimba lokuphathwa kobulungiswa bamacala obugebengu noCwaningo lweZindlela ezingasiza (iThimba loCwaningo).

5.2.1 Ithimba elibuyekeza uBulungiswa

IThimba lokuBuyekeza lizoba wumgogodla onika umhlahlandlela kwezombusazwe kulokhu kuBuyekeza.

Izinhloso:

- Isiqinisekiso sokukhokhelwa uma sekwenziwe ukubuyekeza;
- Ukubheka, ukugada nokuqondisa uhlelo locwaningo lweThimba locwaningo;
- Ukubika ngenqubekela phambili yocwaningo; kanye
- Nokuqinisekisa ukwabiwa kwemiphumela yokugcina kubo bonke abanesabelo kulokho.

Isakhiwo:

Oyedwa omele uMnyango nesakhiwo ngasinye kulezi ezilandelayo:

- UMnyango wezoBulungiswa nokuThuthukiswa koMthethosisekelo;
- UMbutho waMaphoyisa aseNingizimu Afrikha;
- UMnyango wezoKuqondiswa kwezigwegwe;
- UMnyango wezeNhlalakahle yoMphakathi;
- UMnyango wezoBulungiswa nokuThuthukiswa koMthethosisekelo
- UMnyango wezoKushushisa kuZwelonke; kanye
- NoMnyango wezeZimali.

UNgqongqoshe woMnyango wezoBulungiswa nokuThuthukiswa koMthethosisekelo kumele asebenze njengoSihlalo weThimba loCwaningo.

5.2.2 Ukuphathwa koHlelo loMthetho neThimba loCwaningo

IThimba loCwaningo lizoba wumgogodla womsebenzi wocwaningo oludinga ukwenziwa.

Izinhloso:

Ngaphakathi kwemingcele yezinhloso ezibalulwe ngenhla izinkombamigomo zokuBuyekezwa koMthetho wamacala obugebengu:

- Ukubuyekeza izinhlaka zomthetho, izinkambiso izinqubo, isabelozimali nezinsiza zohlelo loBulungiswa boMthetho wamacala obugebengu;

- Ukubuyekeza izinkambiso, izinhlelo nokuphathwa kokudidiyelwa nokubambisana ohlelweni lonke lomthetho wamacala obugebengu;
- Ukwenza ucwaningo oludingekayo;
- Ukubika ekubuyekezweni uma kunesicelo sokuthi lokho kwenziwe; kanye
- Nokwenza izincomo zokuphucula ukwenziwa komsebenzi ngempumelelo, ngendlela, ngokulindelekile nomnotho wohlelo lobulungiswa bomthetho wamacala obugebengu,
- Ukukhipha yonke imiphumela ebalwe ngenhla.

Isakhiwo:

Ithimba kumele libe nalaba abalandelayo:

Oyedwa omele uMnyango nesakhiwo ngasinye kulezi ezilandelayo:

- UMnyango wezoBulungiswa nokuThuthukiswa koMthethosisekelo
- UMnyango wezoKushushisa kuZwelonke;
- IJaji noma iMantshi ekhethwe wuMphathi wamaJaji emva kokuxoxisana noNgqongqoshe wezoBulungiswa nokuThuthukiswa koMthethosisekelo;
- UMbutho wamaPhoyisa eNingizimu Afrikha;
- UMnyango wezoKuqondiswa kweziGwegwe;
- UMnyango wezokuBalwa kwabantu eNingizimu Afrikha;
- IBhodi elinikeza usizo lwezoMthetho; kanye

Nethimba labacwaningi abawaziyo umsebenzi wabo, lapha sibala neKhomishana yoKwenziwa kaBusha koMthetho waseNingizimu Afrikha.

UMqondisi Jikelele woMnyango wezoBulungiswa nokuThuthukiswa koMthethosisekelo kumele asebenze njengoSihlalo weThimba loCwaningo.

Kumele kusungule ihhovisi lobubhalane ukuhlinzeka ukweseka amaThimba okuCwaninga nokuBuyekeza, Ihhovisi lobubhalane kumele libe seHhovisi loMnyango wezoBulungiswa nokuThuthukiswa koMthethosisekelo.

6. IZIDINGO ZEZINSIZA ZOKUBUYEKEZA

6.1 Isikhathi esibekiwe

Umbiko wokugcina kumele wethulwe kuMongameli wezwe, onyakeni owodwa kusuka ngosuku lokuqala ukusebenza kweThimba, nemibiko yesikhashana, uma idingeka.

6.2 Isabelozimali

Kucatshangwa ukuthi isabelozimali sezigidi eziyi-10 sizodingeka, nesiyokhishwa wuMnyango wezeZimali.